

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngesonto 6 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 19. 07. 200938/2009

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Lefoko le le okamelang beke eno, le kwadilwe mo go Isaya 43:1, lithi: **"Ungasabi ngokuba ngikuhlengile, ngikubizile ngegama lakho; ongowami."**

1. Iculo 241/206

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu Baba osezulwini, siyabonga, ngokuba ukhazimulisile iNdodana yomuntu, indodana kaMariya, iNdodana yakho, ngokuyipha amandla onke ezulwini nasemhlabeni. Nkosi Jesu Kristu, siyabonga, ngokuba uthembisile ukuthi uyakuba namakholwa akho izinsuku zonke kuze kube-sekuphelini kwezwe, nokunika abafundi bakho umsebenzi wokwenza izizwe zonke abafundi bakho ngokubabhaphathiza egameni likaYise neNdodana noMoya oNgcwele, nangokubafundisa ukugcina konke owabayala ngakho. Mawusisize ukuba sithokozele lomsebenzi, siwenze silondolozwe nokuvikelwa ngesithembiso namandla akho. Mawusizwe ngenxa yothando lwakho olukhulu olwambuliwe ngokuzalwa, ukuhlushwa, ukufa, ukuvuka, ukwenyukela kwakho ezulwini, nangayo yonke imisebenzi nokufundisa kwakho. Amen.

3. Lefoko la Testamente e kgologolo le kwadilwe mo go Isaya 43:1-7;

Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 6:3-11;

Izwi leTestamente elidala ngohlelo lwesithathu lilotshiwe kuDuteronomi 7:6-12.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 240/205

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. **Ivangeli** ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 28:16-20, lithi: "Kepha abafundi abayishumi nanye baya eGalile kuleyontaba uJesu ayebayalele yona; sebembona bakhuleka kuye, kepha abanye bangabaza. UJesu wasondela, wakhuluma kubo, wathi: 'Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni; ngalokho hambani nenze izizwe zonke abafundi,

nibabhaphathize egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele, nibafundise ukugcina konke enginiyalé ngakho; bhekani, mina nginani izinsuku zonke kuze kube-sekupheleni kwezwe.” Amen.

8. Intshumayelo: Bandla elithandekayo leNkosi yethu uJesu Kristu, ivangeli esisand’ ukuzwa libekiwe libe ivangeli lesonto 6 emva komkhosi wobuThathwemunye phambi kwesikhashana nje. Ngeminyaka ethile laliyizwi linye lentshumayelo ngomkhosi wokukhumbula ukwenyuka kweNkosi, nangomkhosi wobuThathwemunye. Manje liyivangeli lesonto lanamuhla elongamelwa ngokushiwo yiphistole njalo ukuba sikhumbule umbhaphathizo wethu, ukuthi umbhaphathizo usho ukuthi “uAdamu omdala ophakathi kwethu wominziswa ngokudabuka nangokuphenduka imihla ngemihla, afe kanye nezono zonke nokufisa konke okubi, kubuye kuvele kuvuke imihla ngemihla umuntu omusha, ahlale phambi kukaNkulunkulu elungile, ehlanzekile njalonjalo,” njengalokhu iKerike ngokobuLuthere livuma njengokusho kwephistole lanamuhla. Ngiyamukela ukuthi ngenxa yalesisathu abahleli abasha bamapherikhope bakhethile ukuba umyalo weNkosi uJesu wokwenza izizwe zonke abafundi ngokubabhaphathiza egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele ube ivangeli lesonto 6 emva komkhosi wobuThathwemunye.

Ngokwenza njalo babehlosa okukhulu, bafuna ukuba sikhunjuzwe ngomnyaka nangomnyaka ukuthi esibhaphathiziwe senziwe abafundi bakaJesu, noma abantwana bakaNkulunkulu. Kuyadingeka ukuba sikhumbule leliqiniso, singangabazi ngendaba yokuthi ngokubhaphathizwa ngamanzi egameni likaNkulunkulu onguYise neNdodana noMoya oNgcwele kwenzeka lowomsebenzi omkhulu. Kuyadingeka kanjalo, ngokuba kukhona abaningi namuhla abadukisiwe ngabadukisi ukuba bangaze besakholwa leliqiniso, bangabaze ngombhaphathizo esibhaphathiziwe ngawo siseyizingane. Bayahlosa ukuba sikhumbule okushiwo yiKerike ngokobuLuthere elivumayo eKhathekesimini elincane iqiniso elisekelwe ezwini likaNkulunkulu ngokuphendula umbuzo othi: Amanzi angenza izinto ezingaka kanjani na? ngokuthi: “Amanzi nje, uma ewodwa, angekwenze lokhu, kodwa kwenziwa izwi likaNkulunkulu elihlanganiswe namanzi, kanye nokukholwa okuthemba lelozwi likaNkulunkulu elisemanzini. Ngokuba amanzi angenalo izwi likaNkulunkulu angamanzi nje kuphela, kasiwo umbhaphathizo; kepha amanzi ahlanganiswe nezwi likaNkulunkulu angumbhaphathizo, okuwukuthi angamanzi okuphila avame umusa, angumgezo wokuzalwa okusha eMoyeni oNgcwele.” Umuntu obhaphathiziwe ngamanzi egameni likaNkulunkulu uMthathwemunye ubhaphathiziwe, noma omdala, noma ingane, noma ngokucwiliswa

emanzini, noma ngokuthelwa amanzi nje. Umbhaphathizo wakhe uqinile. Makamukele akwenzelwe kuwo ngokukholwa, akholwe ukuthi ngombhaphathizo uthethelelwe izono, nokukhululwa ekufeni nakuSathane, nokunikwa insindiso nokuphila okuphakade. Khona ungumntwana kaNkulunkulu nendlalifa yokuphila okuphakade.

Ivangeli lanamuhla alikhulumi kuphela ngombhaphathizo. Liwuhlanganisa nomsebenzi omkhulu abafundi bakaJesu, kanye nekerike lakhe elibizelwe kuwo, ngisho umsebenzi wobuthunywa. Makungabi noyedwa phakathi kwethu ocabangayo ukuthi lomsebenzi ungowesikhathi esidlulileyo kuphela. Nabafundisi abayizithunywa mabangacabangi ukuthi lomsebenzi awusadingeki ukwenziwa. Yebo, wenziwe esikhathini esidlulileyo ngokukhuthala okukhulu, kodwa umelwe ukwenziwa namuhla nakusasa ukuze bonke abantu bezizwe zonke babhaphathizwe, nokufundiswa ukugcina uJesu ayalê abafundi bakhe ngakho. Ngakho lokhu kuyadingeka ukuba silulekwe ngomnyaka nangomnyaka, njalo-nje okushiwo yivangeli lanamuhla ukuthi umsebenzi wobuthunywa umelwe ukwenziwa kanjani. Mawenziwe

1. ngokwethemba amandla nesithembiso zeNkosi uJesu Kristu;

2. Ngokubhaphathiza nangokufundisa.

1. Umsebenzi wobuthunywa mawenziwe **ngokwethemba amandla nesithembiso seNkosi uJesu Kristu**. UJesu owake wabethelwa esiphambanweni, nokuvuka kwabafuleyo ngosuku lwesithathu, uyazifakazela uthi: "Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni." Uyathembisa uthi: "Bhekani, mina nginani izinsuku zonke kuze kube-sekupheleni kwezwe." Nguye othanda ukuba izizwe zonke zenziwe abafundi. Okwedlula amandla ethu, kwenzeka ngokwethemba amandla nesithembiso sikaKristu. Wathembisa wathi noma uhlamvu wembewu yezwi luwela endleleni, nasematsheni, naphakathi kwameva, njalo izinhlamvu ezithile zizowela emhlabathini omuhle ozothela kangamashumi amathathu, noma kangamashumi ayisithupha, noma kayikhulu, ngokuba iNkosi uJesu ikhona noMoya wayo ukuba abize abantu ngevangeli, nokubakhanyisela ngezipo zakhe, nokubangcwelisa, nokubalondoloza ekukholweni kweqiniso. Ngokumethemba kanjalo kuyabonakala ukuthi umsebenzi wobuthunywa uzothela izithelo ezimnandi nasesikhathini sanamuhla nakusasa

2. Masingazami ukuwenza ngokwemicabango yethu, noma ngemicabango yezihlakaniphi zabantu, siwenze umsebenzi wobuthunywa **ngokubhaphathiza egameni likaYise, neNdodana, noMoya oNgcwele, nangokufundisa abantu ukugcina nokuqaphela konke uJesu abayalê ngakho abafundi bakhe**. Abangakabhaphathizwa babizelwe

embhaphizweni, abangasakholwa sebhaphiziwe mababuyiselwe embhaphizweni. Embhaphizweni ngokobuKristu kuyabonakala ukuthi umuntu akakwazi ukuzihlenga ezonweni zakhe, kodwa umelwe ukusindiswa ngokuhlanjululwa ngamanzi ombhaphizo ukuba azalwe ngokusha, enziwe isidalwa esisha nguMoya oNgcwele. Obhaphiziwe eseyingane umelwe ukufundiswa ngokukhuleka nabazali bakhe, nokuzwa imilando ngempilo kaKristu nokufundiswa iKhathekisemu ukuba angalahlekelwa yisipho sombhaphizo, kodwa alondolozwe ekukholweni ngokufundiswa konke uJesu ayalê ngakho abafundi bakhe, ukukhanya kokukholwa okwabelwa embhaphizweni kukhanye kahle, kungacimeki, kodwa kube namafutha njalo.

Bonke abakhuthalela umsebenzi wokubizela abantu abangakabhaphizwa, nokubabuyisela ababhaphiziwe embhaphizweni, mabangabazi ngomsebenzi wabo, bakhumbule ukuthi ukusebenza kwabo akusilo ize eNkosini. UJesu ophiwe amandla onke ukhona. Uthembisile ukuthi uyakuba nabo abenza lomsebenzi njalo. Ivangeli lakhe "liyakushunyayelwa ezweni lonke, kube ngubufakazi ezizweni zonke, andukuba kufike ukuphela." Ekupheleni komhlaba lomsebenzi uzophela, kodwa umhlaba ungakapheli, umsebenzi wobuthunywa awukapheli, umelwe ukwenziwa, kakhulu uma sizwa ukuthi inani labantu ezizweni ukuthi kungamashumi ayisikhombisa nokudlula ekhulwini (more than 70%) abangazivezi ukuthi bangamakholwa nguKristu, uma abantu bebalwa. IBhayibheli, noma izihlephu zalo sihunyushelwe ezilimini ezingu-6000, kodwa ngezilimi ezinye abantu abakaphumeleli ukufunda izwi likaNkulunkulu ngolimi lwakubo. Kuthiwa kukhona izilimi esingu-20000 nokudlula. Umsebenzi usekhona, umsebenzi mningi. Amakerike amazwe onke mawavuselelwe ukukhuthalela ukwenza umsebenzi wobuthunywa phakathi kwabakubo, naphakathi kwabantu bezizwe ezinye. INkosi othembisile ukuthi izwi lakhe lizothela izithelo zokukholwa, nokuphenduka, zothando, nethemba. Umsebenzi wakhe awenzelwe ize, uyathela izithelo njalo. Amen.

9. Umkhuleko: Nkulunkulu, Mnimandla-onke ophakade, wena ongcwelisa ikerike lonke lobuKristu ngoMoya oNgcwele, ulihola ngaye, nokulakha ngombhaphizo nangokufundisa, mawuzwe umkhuleko wethu, usiphathe ngomusa wakho ukuba onke amalungu ebandla lakho akhonze kuwe ngokukholwa okuhlanzekileyo

ngobungcwele beqiniso, ngokulunga okukuthokozisayo, ngokukhuthalela umsebenzi wothando lokufuna abadukileyo, nabalahlekileyo. Mawusizwe ngenxa yomusa wakho okuJesu Kristu, iNdodana yakho, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 238/203

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2009 ngu-E. A. W. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.